

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English\isiZulu

| UNdasa 2018 UShicilelo I

VAT - the poor to be buffered

GOVERNMENT IS ensuring that it protects the country's most vulnerable during these tough economic times.

The effect of an increase in VAT to 15 percent from 14 percent is going to be buffered by South Africa's high level of social services. That's according to Finance Minister Malusi Gigaba who says the increase, which takes effect on 1 April, will also see South Africans enjoy greater relief from below inflation increases in personal income tax rebates and brackets, and steps government is taking towards free higher education.



■ Finance Minister Malusi Gigaba is delivering his maiden 2018 Budget speech in the National Assembly.

From 1 April 2018 old-age disability grants will increase from R1 600 to R1 690 and to R1 700 in October. Child support grants will increase from R380 to R400 in April, and to R410 in October.

This is a 6.6 percent annual increase. Since October 2017's Medium-Term Budget an additional R2.6 billion has been added to social grants to enable these increases.

"As highlighted by the President in the State of the Nation Address, government will ensure that social grants will continue to be paid without disruption," said Minister Gigaba.

In its budget review, National Treasury said expenditure on social protection provides social security and a safety net for low-income South Africans.

It also improves social welfare service delivery to vulnerable individuals through policy and legis-

lative reform, growing the number of social workers, improving access to Early Childhood Development

and facilitating food and nutrition initiatives.

"Spending on social protection is set to rise from R193.4 billion in 2018/19 to R223.9 billion by 2020/21, growing by an average of 7.9 percent. The number of social grant beneficiaries is expected to reach 18.1 million by the end of 2020/21."

An estimated 12.8 million people will receive the child support grant and 3.7 million people will receive the old-age grant.

2018 Tax proposals

- An increase in value-added tax (VAT) from 14 to 15 percent, effective 1 April 2018.
- A below inflation increase in personal income tax rebates and brackets, with greater relief for those in

● **Cont. page 2**



South Africans jubilant after SoNA

Page 4



Growing the economy

Page 10



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Free Copy

Ukubhalisela ukuvota kuzoba ngoNdasa wezi-2018

IKHOMISHANI YOKHETHO EZIMELE (I-IEC) iqinisekisa ukuthi labantu baseNingizimu Afrika abaningi ngendlela ngokungenzeka babhalisela ukuvota ngokhetho lowezi-2019.



More Matshedis

I-IEC yaseNingizimu Afrika seyimemezele impe-lasonto yokuqala yokubhalisela kwabavoti ukhetho lowezi-2019 futhi seyinxenxe abafanele ukuvota ezweni lonke ukuthi bavakashele izikhungo zabo zokuvota ukuze balungise imininingwane yabo ohlwini lwabavoti noma ukuze babhalisele ukuvota.

Isikhulu Sokhetho Esiyinhloko sekhomishana uSy Mamabolo uthe zonke izikhungo zokuvota eziyizi-22 612 zizovula ngempe-lasonto yangomhla ziye-10 kanye namhla ziye-11 kuNdasa wezi-2018, kusukela ngele-8 ekuseni kuze kube ngele-5 ntambama, ukuze kwenziwe kube lula futhi

kusize abavoti ukuthi bafake imininingwane yabo yakamuva yokubhalisa noma ukuthi babhalise.

Uma uthuthele endaweni entsha kusukela mhla ugcina ukubhalisela ukuvota, kumele ubhalise esifundeni sakho sokuvota esisha.

Izakhamuzi zaseNingizimu Afrika ezineminyaka yobudala eyi-16 kanye nangaphezulu ezinomazisi noma ikhadi elisemthethweni zingabhalisela ukuvota. Uma ungabhalisanga, angeke uze uvunyelwe ukuthi uvote ngowezi-2019.

Abavoti ababhalisiwe, abaneminingwane yabo yekheli engekho ohlwini lwabavoti, bangahlinzeka imininingwane edingekayo esikhungweni sabo sokuvota ngesikhathi sokubhalisa.

“Sidinga ukuthi abavoti bafike futhi basebenzise ithuba,” kusho uMamabolo.

“Ikhomishani Yokhetho Ezimele ayikabi namakheli abavoti cishe abayizigidi eziyi-2.8. ngaphezu kwalokho sinamakheli ayizigidi eziyi-3.5 abekwe kuhlu ‘Iwanganphelele’ noma ‘angacacile’. Lo

mkhakha usadinga ukuhlaziywa futhi ukuze kutholakale ukuthi ngabe kukhona yini eminye imininingwane etholakalayo,” kwengeza yena.

Ikhomishani ithola amakheli ngokusebenzisa izinhlelo ezahlu-kene, ezihlanganisa ukubukeza amarekhodi, amafayela kanye nezinqolobane zemibhalo ukuze ibheke bese ifaka amakheli

ahlinzekwe abavoti eminyakeni engama-20 edlule, ngokuqoqa amakheli ngokhetho lomasipala lowezi-2016, kanye nokwenza umsebenzi wokufuna bukhoma kungekafiki impelasonto yokubhalisela ukhetho lokuchibiyela.

Lapho kwakunesidingo khona, abavoti abatholakale bebhaliswe ezifundeni zokuvota ezingafanele basuswa, njengalokho kuhlinze-

kwe kuSigaba 12 (1)(d) Somthetho Wokhetho.

“Sesithole futhi sasebenzisa, lapho bekwenzeka khona, imininingwane yamakheli kweminye imithombo yombuso efane ne-Statistics South Africa, i-South African Social Security Agency, u-Telkom, i-South African Post Office kanye noMnyango Wezasekhaya,” kusho yena. **V**

Bhalisa ngaphambi kukaNdasa wezi-2018

- NgoMfumfu wezi-2017 Ikhomishani Yokhetho Ezimele yethula isizindalwazi (www.elections.org.za) kubavoti ababhalisiwe abakwazi ukufinyelela ku-inthanethi ukuze babukeze bese/noma bahlinzeka ngamakheli abo.
- Abavoti bangashayela Isikhungo Sokuxhumana ucingo (0800 11 8000), kusukela ngoMsombuluko ukuya ngoLwesihlanu ngezikhathi zomsebenzi, ukuze bathole ukulekelwa ngezindawo okutholakala kuzo izikhungo zabo zokuvota kanye nanganoma yini enye abafisa ukuyibuza.
- Abavoti ababhalisiwe bangathumela futhi nge-SMS inombolo yabo kamazisi ku-32810 ukuze bathole i-SMS enekheli

lesikhungo sabo sokuvota (i-SMS Ibiza u-R1).

Yini okumele uze nayo

Uma uvakashela isikhungo sakho sokuvota hamba nomazisi wakho onamagabelo noma umazisi we-smart card noma isitifiketi sesikhashana sikamazisi. Uzolekelwa ukuze ugcwalise ifomu lokubhalisa elinika imininingwane yekheli lakho lendawo. Lokhu kuzosiza ikhomishani ukuthi ikufake esifundeni sokuvota esifanele. **AKUDINGEKI** ukuthi uze nokufakazela ikheli. **UMamabolo** unxuse abantu ngabodwana, amaqembu ezipolitiki, izinhlangano zomphakathi, izinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni, izishoshovu, abezindaba, abaholi bendabuko kanye nezinhlangano zenkolo ukuthi baqinisekise impumelelo yempelasonto yokubhalisa.

NEWS IN BRIEF

Isuzu Motors invest in SA

The South African economy has received a major boost with the Isuzu Motors purchase of the Struandale plant in Port Elizabeth.

Department of Trade and Industry Minister Rob Davies said the investment will save jobs.

“We know that this investment will mean that 1 000 jobs in the facility will be saved and there are 3 000 jobs in the direct supply chain and many thousands more in the supply companies. Jobs will continue to be guaranteed in the future.”

CSIR brings technology to improve water safety, delivery

Low-cost technologies to improve the quality of water and service delivery in municipalities were displayed at the 12th National Municipal Managers Forum which took place in Mpumalanga in February.

The Council for Scientific and Industrial Research (CSIR) displayed these technologies at the forum. **V**

From page 1

the lower income tax brackets.

- A 52 cent per litre increase in the levies on fuel, made up of 22 cents per litre for the general fuel levy and 30 cents in the Road Accident Fund levy.
- Increases in alcohol and tobacco excise duties of between 6 and 10 percent.

A move towards fee-free education

Minister Gigaba said government will spend about R57 billion on fee-free higher education over the next three years.

“The largest reallocation of resources towards government’s priorities was on higher educa-

tion and training, amounting to additional funding of R57 billion over the medium term. As a result, this is the fastest-growing spending category, with an annual average growth of 13.7 percent,” he said.

Government will phase in fee-free higher education and training to students from poor and working-class families.

This means that all new first-year students, with a family income below R350 000 per annum, at universities and technical vocational education and training colleges in 2018 will be funded for the full cost of their studies.

Returning National Student Financial Aid Scheme stu-

dents at universities will also have their loans, for 2018 and going forward, converted to bursaries. **V**

DID YOU KNOW?

The National Treasury has launched Vulekamali, an online budget data portal that will make budget information more accessible and user-friendly. Visit: www.vulekamali.gov.za for more information.



government communications

Department: Government Communication and Information System
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (+27) 12 473 0089 E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Head of Editorial and Production
Tasneem Carrim | tasneem@gcis.gov.za

Editor-in-Chief
Des Latham | des@gcis.gov.za

Managing Editor
Ongezwa Mogotsi | ongezwa@gcis.gov.za

News Editor
Ongezwa Mogotsi

Writer
Noluthando Motswai
More Matshedis

Senior Designer
Tendai Gonese

Translators
Nomgcibelo Motha
Boitumelo Phalatshe
Phakamani Dadlana

Vuk'uzenzele
is published by Government
Communications (GCIS)

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

Printed by:



Distributed by:



Sindisani obhejane bakithi

IMIZAMO YENINGIZIMU AFRIKA yabuyisa obhejane ekucisheni bashabalale ngeminyaka ye-1960, kodwa lolu hlobo lwezilwane luselokhu lusengozini njengoba zingama-20 000 kuphela ezikhona.



More Matshedis

UNgqongqoshe Wezendawo, u-Edna Molewa, usekhiphe umbiko wokuqala wezi-2018 wenqubekela phambili eseyibe khona ngokuphathelene nesu likahulumeni lokwengamela elididiyela izinhlaka eziningi lokuqeda ukuzingelwa kobhejane.

Umbiko, ohlanganisa nekota yokugcina yowezi-2017, ukhombisa inqubekela phambili ngokuphathelene nenani lababoshiwe, uphenyo kanye nabazingela bese beshushu-

mbisa izimpondo zobhejane asebegwetshiwe kanye nokwehla kancane kwesibalo sobhejane abazingelwa kuzwelonke ngowezi-2017 (1028), uma kuqhathaniswa nowezi-2016 (1054).

Ngowezi-2017 kwaba khona ukwemukwa kwezimpondo zobhejane okuyisishiyagalombili Esikhumulweni Sezindiza i-OR Tambo International futhi kwaboshwa abangama-502 abasolwa ngokuzingela obhejane nabayi-16 abasolwa ngokushushumbisa izimpondo zobhejane, nokwaholela ekutheni isibalo sibe ngama-518,

sehla sisuka kuma-680 ngowezi-2016.

“Kuyadumaza ukuthi, abasebenzi bethu abangama-21 baboshelwa ukuzibandakanya nokuzingelwa kobhejane ngowezi-2017,” kusho uNgqongqoshe uMolewa.

Ukunqanda ukuzingelwa kobhejane

Uhulumeni kanye nabambisene nabo sebesebenzise izindlela ezahlukene nokunqanda ukuzingelwa kobhejane, ezihlanganisa izinhlelo zokuqapha eziqiwini zikazwelonke kanye nokusebenzisa ubuchwepheshe obuguqula isimo.

Phakathi kukaMasingana kanye noZibandlala wezi-2017, kwazingelwa obhejane abangama-504 e-Kruger National Park (KNP), nokungamaphesenti ehle ngama-24 kunama-662 angowezi-2016.

“Ngenxa yendlela yokunqanda ukuzingelwa kobhejane e-KNP sibona yehla imizamo yokuzingelwa kobhejane esiqiwini, kuqoshwe izi-2662 ngowezi-2017 uma kuqhathaniswa nezi-2883 ngowezi-2016. Lokhu kukhombisa ukwehla kwamaphesenti ngo-7.6,” kuqinisa uNgqongqoshe.

Noma kunjalo, sekwenyuke

isibalo sobhejane abazingelwe KwaZulu-Natali, eNyakatho Kapa, eMpumalanga, eFreyistata kanye nasesiFundazweni saseNyakatho-Ntshonalanga.

Umthelela kwezomnotho

Ukuzingelwa kobhejane kanye nokushushumbiswa kwezilwane kunomthelela omubi ekuthuthukisweni komnotho wezwe kanye nasekudalweni kwamathuba omsebenzi, okuhlanganisa ukuthuthukiswa komnotho ohlobonhlobo wezemvelo ohlanganisa nomkhakha wezokuvakasha.

“Ukulahleka kohlobo lwezilwane oluyingqalabutho kakhulu lwaseNingizimu Afrika olufana nobhejane, nongesinye ‘Sezilwane Ezinkulu Ezinhlanu’ kungaba nomthelela omubi ngokuphathelene nenani lezivakashi eNingizimu Afrika. Izivakashi eziningi eziza eNingizimu Afrika zizela ukuzobona Izilwane Ezinhlanu Ezinkulu, nokuwubhejane, ibhubesi, inyathi, ingwe kanye

nendlovu,” kusho isitatimende soMnyango Wezendawo.

Ukuzingelwa kobhejane sekwasiswe njengengozi yezokuphepha ezweni, engaba nomthelela kuamanani ezivakashi ezivakashela izwe, futhi uhulumeni usememezele ukuthi kuwubugebengu obuseqhulwini kuzwelonke.

Izenzo ezingekho semthweni ezihlanganiswa nokuzingelwa kobhejane kanye nokushushumbiswa kwezimpondo zobhejane kuhlompulisa amaqembu amancane emigulukudu.

“La maqembu emigulukudu ahlomula ngenxa yokuba yinkimbinkimbi kwalolu hlobo lobugebengu. Ngesikhathi amaqembu emigulukudu ehlo-mula, kuthikamezeka ukukwazi kukahulumeni ukuqinisekisa kwezenhlalo kanye nomnotho ngenxa yokuthi amaqembu obugebengu obuhleliwe kanye nokusebenza kwawo kuba mandla emiphakathini esezweni lonke,” kuqinisekisa uMnyango. **I**

Isibalo sobhejane abazingelwe ngokungekho emthethweni



A new Randfontein for residents

JOB OPPORTUNITIES in the pipeline for Randfontein residents.

The Rand West City Local Municipality is changing the face of Randfontein through the Mantrose Mega City Project, which will see thousands of houses being built for locals and will bring various job opportunities to community members.

The recently launched R11 billion project includes the building of a mall, clinic, railway line and other amenities in Middelvlei, which will ensure job creation and boost investor confidence in the area.

Rand West City Local Munic-

ipality spokesperson Tshidiso Tlharipe said the project will change the face of Randfontein.

“We are truly excited about this project and we know that it is going to bring about positive change for our people.

“Not only are we going to build 15 000 houses, we will also provide thousands of job opportunities for our locals and that’s ultimately what we want. We want to absorb them in projects in their own town and we believe that this will uplift them as individuals,” he said.



The houses will consist of RDP and low-cost units. “We have many business owners who will sub-contract in the development of this project, and locals who will do gener-

al work, such as brick laying, plastering and painting,” said Tlharipe.

This will go a long way towards accommodating the less fortunate and those who earn

between R3 000 and R15 000 per month.

The owner and chairperson of Finsbury Middelvlei Consortium, Matshidiso Ngakane, said the project will give them an opportunity to be part of something big in their own communities.

“This is the first project of its kind in Randfontein and we are thrilled as residents. The project will provide much-needed job opportunities for locals for at least seven years and will see business owners able to sustain themselves as well,” said Ngakane. **I**